



# education

Department:  
Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

**NATIONAL  
SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA 12**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**NOVEMBA 2008**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora amabili (2)**

**Leli phepha linamakhasi ayi-7 kanye nekhasi lesengezelelo.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.
2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:  
ISIQEPHU A: Indaba (40)  
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (20)  
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
3. Abahlowayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B, OWODWA esiqeshini C.
4. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.
5. Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:  
ISIQEPHU A: Bhala indaba ibe amagama ayi-150 – 180. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki.  
ISIQEPHU B: Umbhalo mawube odlulisa umyalezo, amagama abe ngama-60 – 80.  
ISIQEPHU C: Umbhalo omfishane odlulisa umyalezo, mawube amagama angama-40 – 60.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo ubhale indaba engamagama ayi-150 – 180.

- 1.1 Yimidlalo ehlanganisa abantu ('It is sports that unite people'). Thina njengabantu baseNingizimu Afrika sikwazi kangcono lokhu. Lokhu kufakazelwa nayisithombe esingezansi.

Bhala indaba ngesihloko esithi: Ezemidlalo zihlanganisa abantu



[40]

**NOMA**

- 1.2 Ngabe abantu basazithanda futhi basazinakekela ngendlela efanele izilwane? Sizwa kakhulu ngokuhlukunyezwa (abuse) kwezilwane. Ziyashaywa, zingaphiwa ukudla zibulawe ngisho nokubulawa.

Bhala indaba uveze owakho umbono ngale nkulumo engenhla.

[40]

**NOMA**

- 1.3 Izingane ezifunda ema-High School azikwazi ukufunda nokubhala. Lokhu kudalwa yilokhu:

- Ukungalaleli abazali
- Ukungalaleli nokudelela othisha
- Ukuhlangana nabantu abangafundi
- Ukungawenzi umsebenzi wesikole ekhaya

Bhala-ke indaba ngesihloko esithi: **Izingane ezifunda ema-High School azikwazi ukufunda nokubhala** ubhekise kulezi zihlokwana ezingenhla.

[40]

**NOMA**

- 1.4

**Ukudla esikudlayo**

Kunemibono eminingi eshayisanayo ('conflicting ideas') ngezinhlobonhlobo zokudla kanye nesikhathi abantu okufanele badle ngaso ukuze bahlale bephile kahle emizimbeni yabo.

Bhala-ke indaba ngalesi sihloko: **Ukudla esikudlayo.**

[40]

**NOMA**

- 1.5 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese ubhala indaba ngaso. Inikeze isihloko indaba yakho.



[40]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 40**

**ISIQEPHU B****UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 – 80.

- 2.1 Ingane yakho efunda esikoleni esithile ibuye ikhala ngesisu esibuhlungu. Nasebusuku ayilalanga ikhishwa yisisu, uze wayithatha wayihambisa kwadokotela khona ebusuku, ofike wayithola ukuthi idle ukudla okunoshevu ('poison').

Bhalela uMphathi-sikole **incwadi** ukhale ngalokhu kudla okugulisa izingane zenu. [20]

**NOMA**

- 2.2 Umkhulu nogogo wakho bazogubha iminyaka engama-50 bashada ('50th wedding anniversary') ngenyanga ezayo. Wena use-Australia phesheya kwezilwandle angeke ukwazi ukuza.

Babhalele **incwadi** ubahalalisele ('congratulate') uxolise, ubeke nezizathu ezizokuvimbela ukuza kulo mcimbi. [20]

**NOMA**

- 2.3 Esikoleni ofunda kuso kunomthetho wokuseshwa kwezikhwama zabafundi uma bengena esangweni. Uthisha omi esangweni uthola izikhali kuphela esikhwameni somunye umfundi, useyambuza ukuthi ziphi izincwadi. Umfundi umphendula ngenkulu indelelo lena emtshela nokuthi akaboni yini ukuthi ayikho indawo yezincwadi esikhwameni sakhe. Le mpendulo yenze uthisha athukuthele kakhulu waze wathembisa nokubiza amaphoyisa.

Bhala **ingxoxo** ('dialogue') phakathi kukathisha nalo mfundi. [20]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 20**

**ISIQEPHU C****UMBUZO 3**

Khetha isihloko **ESISODWA** kulezi ezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-40 – 60.

- 3.1 Uqashwe yinkampani yakwa-BMW ukuthi ube umkhangisi wayo. Kukhishwe uhlobo olusha lwemoto okufanele ulukhangise ukuze abantu baluthenge. Le moto ikhombisa izinga eliphezulu lobuchwepheshe (technology) .

Bhala-ke **isikhangiso** esizoveza bonke ubuhle bale moto ukuze ithengwe. **[20]**

**NOMA**

- 3.2 Kuzoba nomshado kadadewenu ngenyanga ezayo. Ufuna ukumthengela izicathulo zomshado njengesipho. Lezi zicathulo ufuna ukuzithenga nge-akhawunti esitolo esibizwa uSpitz.

Gcwalisa-ke **leli fomu** elingezansi elinikeziwe (ANNEXURE A) lokufaka isicelo sokuthenga nge-akhawunti. **[20]**

**NOMA**

- 3.3 Umngani wakho uthe engena emzini wakhe ebusuku ebuya emsebenzini, wathola sekunezigebengu endlini yakhe. Akakwazanga ngisho nokubaleka. Zivele zamvala umlomo zimkhombe ngesibhamu, zamthathela konke okuyimpilo yakhe akusebenzele kanzima. Sikhuluma nje usesibhedlela ngenxa yokwethuka. Mbhalele iphosikhadi umduduze umfisele nokwelulama okusheshayo ('speedy recovery'). **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

**ANNEXURE A: UMBUZO 3.2**

<b>EXAMINATION NUMBER:</b>																	
----------------------------	--	--	--	--	--	--	--	--	--	--	--	--	--	--	--	--	--

**Isicelo Sokuthenga Nge-akhawunti**

**IMININGWANE YAKHO**

Isibongo: \_\_\_\_\_

Amagama: \_\_\_\_\_

Ikheli lasekhaya: \_\_\_\_\_

\_\_\_\_\_

Isikhathi esingakanani ulapho:                      Iminyaka                                      Izinyanga

\_\_\_\_\_

Ikheli leposi: \_\_\_\_\_

\_\_\_\_\_

Ucingo lwasekhaya: \_\_\_\_\_

Inombolo kamazisi: \_\_\_\_\_

Ubulili: \_\_\_\_\_

Isimo somshado:                      ushadile                      awushadile                      wehlukanisile                      okunye

\_\_\_\_\_

**UMSEBENZI WAKHO**

Igama lenkampani: \_\_\_\_\_

Isikhathi usebenza lapho: \_\_\_\_\_

Umpathi emsebenzini: \_\_\_\_\_

Ikheli lasemsebenzini: \_\_\_\_\_

Ucingo: \_\_\_\_\_

Iholo- faka isiphambano kokufanele

	R2 000 – R5 000	R6 000 – R10 000	R11 000 –

**IMININGWANE YASEBHANGE**

Igama lebhange: \_\_\_\_\_

Uhlobo lwe-akhawunti: \_\_\_\_\_

Inamba ye-akhawunti: \_\_\_\_\_

\_\_\_\_\_

Ukusayina                                      Usuku

\_\_\_\_\_                                      \_\_\_\_\_